Votela i-ANC ngomhlaka 1 Mashi (Umbasa)

Isu lokwenza oHulumeni bendawo bakusebenzele kangcono

ANC

ISIZULU

INingizimu Afrika iyaguquka ukuba yindawo engcono

Abantu abaningi sebekwazi ukuthola amanzi ahlanzekile kanti banogesi emakhaya abo. Abantu abaningi banamathuba okuthuthukisa izimpilo zabo, kanye nokufunda nokuthola amakhono. Ngenxa yokukhula komnotho, kunamathuba emisebenzi akhona, lokhu kwenza ukuthi siphungule inhlupheko. Abantu abaningi sebethole izindlu, umhlaba kanye nemfundo.

Ngisho noma sikuthokozela okufezekile, kusekuningi okumele kwenziwe.

Sifunde okuningi ngesipiliyoni sethu kanye nokulalela imibono yabantu.

Kungakho i-ANC inohlelo lwezinyathelo ezizokwenza ukuthi uhulumeni wezindawo akusebenzele kangcono.

Sisonke nani, i-ANC izokwenza okulandelayo:

- **Izophuthumisa izinsiza kubantu** ukuqinisekisa ukuthi bonke abantu baseNingizimu Afrika bathola amanzi ahlanzekile kanye nezindlu zangasese zesimo esifanele ngonyaka ka-2010, ukuqikelela ukuthi zonke izindlu ziba nogesi ngo-2012, kanye nokuthi imizi ithole izinsiza (amasevisi) ezinga lokuqala mahhala.
- **Ukuthuthukisa izinga lokunikezwa kwezindlu**, ukuqinisekisa ukuthi abantu bathola izindlu zeqophelo elingcono, futhi ezindaweni eziseduzane namathuba ezomnotho.
- **Ukwakha izingqala-zizinda (infrastructure), ikhuthaze ukukhula komnotho wezindawo kanye nokulwa nenhlupheko** ngezinhlelo zemisebenzi kahulumeni emiphakathini kanye nezinye izinhlelo zesipesheli lapho kuhlala khona abantu abahlupheke kakhulu.
- **Izodala amathuba emisebenzi**, ngokusungula izinhlelo ezinkulu kuzo zonke izifundazwe (kuwo wonke amaprovinsi).
- **Izoqikelela ukuthi izwi lakho liyalalelwa**, ngokuqinisa ukubamba kwabantu iqhaza kumaKomidi amaWadi kanye namanye amaforamu ukuze nikwazi ukubamba iqhaza eliqavile kwintuthuko yemiphakathi yenu.
- **Izosiza imikhandlu yezindawo (amakhansela ezindawo) ukuhlangabezana nezidingo zenu**, ngezinhlelo ezifana ne-Project Consolidate (umkhankaso wokujulisa inqubo nomsebenzi) kanye nezinye izinhlelo ezizoqinisekisa ukusebenza kangcono nakanzima kukahulumeni kazwelonke kanye nohulumeni bezifundazwe (bamaprovinsi) ukusekela imikhandlu yezindawo (amakhansela ezindawo).
- **Ukusiza ngemithombo yosizo kanye nokuqeqesha abasebenzi** bohulumeni bezindawo.
- **Ukuqeqesha amakhansela** ukuze akwazi ukusebenzela imiphakathi yawo kangcono nangendlela enomphumela obambekayo.
- **Ukuhlala njalo ibuyekeza ukusebenza kwamakhansela** ukuqinisekisa ukuthi amakhansela ahlangabezana nemisebenzi eyizibopho zabo kubantu.

YI-ANC KUPHELA, ENESIPILIYONI, IKHONO KANYE NETHUBA LOKUHLANGANISA BONKE ABANTU BASENINGIZIMU AFRIKA EKWAKHENI IMIPHAKATHI ENGCONO.

Ngakhoke, sekela uhlelo oluzokwenza ukuthi uhulumeni wezindawo anisebenzele kangcono.

Ngokusebenzisana, singenza okuningi futhi sizokwenza okuningi.

Votela i-ANC kukhetho lohulumeni bezindawo ngomhlaka 1 Mashi.

Votela i-ANC

1 MARCH 2006

ANC

Published by the African National Congress • 54 Sauer Street, Johannesburg 2001. Tel: 086 717 7077